


uMkhize



of Maritzburg waseMgungundlovu

Written by Sandra Land and Lungisani Kunene

Drawing by Katherine Arbuckle

UMkhize waseMgungundlovu

Mkhize of Maritzburg

**Written by
Sandra Land and Lungisani Kunene**

Drawings by Katherine Arbuckle

NEW READERS PUBLISHERS

UMkhize waseMgungundlovu

1

Lona nguMkhize nomkakhe uMaMsomi.



This is Mkhize and his wife, MaMsomi.

3

Bafana nami nawe. Bahlala eMgungundlovu.




They are just like you and me. They live in Pietermaritzburg.

Mkhize of Maritzburg

2

Lona nguGogo, uMama kaMaMsomi, nezingane uShukela noParafini.




This is Gogo, MaMsomi's mother, and the children, Shukela and Parafini.



UMkhize uzwa aMambazo

1


UMkhize wayephumule kwakhe ebuka iTV.



Mkhize was relaxing at home watching TV.

2

Kusenjalo wezwa iLadysmith Black Mambazo icula kamnandi.




While he was watching he heard Ladysmith Black Mambazo sing beautifully.

Mkhize hears Mambazo

3

Wasukuma wacula, wadansa nayo iMambazo.



He got up and sang and danced with Mambazo.

4

Waculo njalo noma isiyekile ukucula iMambazo. Umculo wayo wawumsanganisa.




He carried on singing even after Mambazo had stopped. Their music had really turned his head.

UMkhize uqhubeka nokucula

1

Umndeni wakwaMkhize wawubuka izindaba kwiTV.



Mkhize's family was watching the news on TV.

2

Kodwa uMkhize yena eqhubeka nokucula isicathamiya.



But Mkhize went on singing that *isicathamiya* kind of music.

Mkhize sings on

3


Wasuka wayocula, edansa futhi nasendlini yokulala.



He started singing and dancing in the bedroom.

4

UMaMsomi wathula ebuka le nsumansumane.




MaMsomi kept quiet and watched this sight.

UMaMsomi ucikekile

1

UMkhize waqhubeka njalo nokucula, amahora amahlanu.



Mkhize went on singing for five hours.

2

Izinja ngaphandle zashaya imikhulungwane ngenxa yomsindo.



The dogs howled outside because of the noise.

MaMsomi can't take it

3

UMaMsomi wehluleka ukuzibamba, waya kuMkhize.



MaMsomi could not take any more and went to Mkhize.

4

Wacela uMkhize ayocula ngaphandle. Wathi bafuna ukulala.



She asked him to sing outside. She said, "Gently with the noise, Baba, we'd like to sleep."

Bathini omakhelwane?

1

UMkhize waqhubeka nokucula ngaphandle.



Mkhize carried on singing outside.

2

Umndeni wakwaMkhize walala ngokuthula .



Mkhize's family went to sleep peacefully.

What do the neighbours say?

3


Ekuseni omakhelwane bafika bezoncoma umculo obalalise kahle.



In the morning Mkhize's neighbours came to praise the singing that had put them to sleep so well.

4

Bacela uMkhize abenzele ikhonsathi.



Kungajani usenzele ikhonsathi weMkhize?

They asked Mkhize to put on a concert for them. They said, How would it be if you did a concert for us Mkhize?"

Ikhonsathi kaMkhize

1

UMkhize wavuma ukwenza ikhonsathi.



Mkhize agreed to do a concert.

2

Wacabanga ukuthi uzoyenza kanjani iphumelele.




He thought about how he would make it a success.

Mkhize's concert

3


UMaMsomi waveza ukuthi kungcono abuze kochwepheshe.



MaMsomi suggested that he should find out from the experts.

4

Baya ekhonsathini ukuyothola amasu.



So they went to a concert to get ideas.

Kulungiselelwa ikhonsathi

1

UMkhize noMaMsomi balithokozela ikhonsathi lekwaya kaHadebe.



Mkhize and MaMsomi enjoyed Hadebe's choir's concert.

2

Emva kwekhonsathi uMkhize wabuza ikwaya likaHadebe ukuthi yenziwa kanjani ikhonsathi.



Afterwards Mkhize asked Hadebe's choir how to organize a concert.

Preparing for the concert

3

Bamkhombisa izingqembe, izibani, nala kulungiswa khona umsindo wasesiteji.



They showed him the posters, the lighting and the sound control board.

4

Kwathi bengakaqedi ukumkhombisa uMkhize wakhathala wahamba.



Before they had finished showing him, Mkhize got tired and went away.

Indlela kaMkhize

1

UMkhize wathi uzokwenza ngendlela yakhe.



Mkhize said he would hold a concert his own way.

2

UMkhize wagaxa ikhethini ekhoneni.



Mkhize put up a curtain in the corner.

Mkhize does it his way

3

Wakhombisa izingane zakhe ukuthi livulwa, futhi livalwa kanjani.



He showed his children how to open and close it.

4

Wathumela izingane ukuthi ziyotshela omakhelwane ukuthi uselungile.




He sent the children to tell the neighbours he was ready.

UMkhize uyacula

1

UMkhize walinda emuva kwekhethini ngenkathi omokhelwane besahlala phansi.



Mkhize waited behind the curtain while the neighbours sat down.

2

Ushukela wavula ikhethini. UMkhize waqala wacula.



Shukela opened the curtain. Mkhize began to sing.

Mkhize sings

3

Omakhelwane bawuthokozela umculo baqala bacula kanye naye.



The neighbours loved Mkhize's singing and began to sing with him.

4

Bawuthokozela umculo baze bakhohlwa ukulalela.



They enjoyed singing so much that they forgot to listen.

UMkhize ufunda inkositini

1

UMkhize wajabula ukuthi wonke umuntu wayecula ekhonsathini lakhe.



Mkhize was happy that everyone sang together at his concert.

2

Walalela umngani wakhe edlala inkositini.



He listened to his friend playing the concertina.

Mkhize learns the concertina

3

UMkhize wacela ukuba amfundise ukuthi idlalwa kanjani.



Then Mkhize asked the friend to teach him how to play. He said, "I would really love to play the concertina."

4

Ngokuphazima kweso uMkhize wabe esedlala amaculo ngenkositini.



In no time Mkhize could play tunes on the concertina.

UMkhize udlala inkositini

1

UMkhize wayedlala inkositini yakhe ekhumbini.



Mkhize was playing his concertina in a kombi.

2

Usoabhizinisi othile wamuzwa eyidlala wamisa ikhumbi.



A businessman heard him and stopped the kombi.

Mkhize plays the concertina

3


Wathi uyayithanda ngempela indlela uMkhize ayecula ngayo.



He said he really liked the way Mkhize sang.

4

Wacela uMkhize ukuba eze ehhovisi lakhe azomenzela okuthile.




He asked Mkhize to come to his office to do him a favour.

UMkhize ucula iculo lesizwe

1

UMkhize wahamba nosomabhizinisi waya ehhovisi lakhe.



Mkhize went with the businessman to his office.

2

Usoomabhizinisi wabiza bonke abantu basehhovisi lakhe ukuba bazobona uMkhize.



The businessman called all the people in the office to meet Mkhize.

Mkhize sings the national anthem

3

Watshela uMkhize ukuthi abaningi babo abakwazi ukucula uNkosi Sikelele.



He told Mkhize that most of them could not sing *Nkosi Sikelele*.

4

Ngakho-ke uMkhize wabafundisa ukuthi liculwa kanjani iculo elisha lesizwe.




So Mkhize taught all the people in the office how to sing the new national anthem.

UParafini nembuzi

1

UParafini, indodana kaMkhize, yacela imali.



Parafini, Mkhize's son, asked him for money. He said, "Please give me money, Dad."

2

UMkhize wambuza ukuthi uzoyenzani, wathi uParafini ufuna ukuthenga imbuzi.



When Mkhize asked him what he wanted to do, Parafini said he wanted to buy a goat.

Parafini and the goat

3

Abazali bamangazwa umntwana omncane ofuna ukuthenga imbuzi.



His parents were surprised that a small child wanted to buy a goat.

4

Wachaza uParafini ukuthi le mbuzi ayifunayo yiphepha lokuhlolwa esikoleni.



Parafini explained that the "goat" he wanted was the exam paper at school. He said, "I want to beat them all."

Uyenqaba uMkhize

1

Abazali bamthethisa uParafini ngokufuna ukuthenga iphepha lokuhlolwa.



His parents scolded Parafini for wanting to buy an exam paper. His father said, "That's crime, Parafini." His mother said, "Your father is right."

2

Bathi kufanele afunde azimisele ukuze aphumelele esikoleni.



They said he should learn hard so that he would succeed at school.

Mkhize refuses

3

UParafini wathi wonke umuntu uyazithenga noma azebe izimbuzi.



Parafini said that everybody buys or steals exam papers. He said, it happens all the time."

4

Wathi uMkhize akazange ayithenge imbuzi esafunda.



Mkhize said that *he* had never, ever cheated at school. He said, "I have never done it and I never will."

Ukuhlolwa

1

Abantwana abaningi bathenga iphepha lokuhlolwa.



Lots of children bought the exam paper.

2

UParafini wayedumele ngoba engayitholanga imali yokuthenga iphepha.




Parafini was unhappy because he did not have money to buy the paper.

The exam

3


Wazihlalela yedwa wafunda.



He sat down by himself and learnt.

4

Ngesikhathi sokuhlolwa abantwana bakhala ngokuthi kwakungelona iphepha ababelithengile.



At the time of the exam, the children complained that it was not the one that they had bought. One said, "We were tricked! We bought nothing!" Parafini said, "You helped me! Viva, Dad, viva!"

UGogo namasela

1

Umkhwekazi kaMkhize wayehlala yedwa.



Mkhize's mother-in-law lived alone.

2

Wayethanda kabi ukukhrosha. Wayesekhroshe izinto eziningi.



She really liked to crochet. She crocheted lots of things.

Gogo and the thieves

3

Ngelinye ilanga, kwangena amasela, amkhomba ngesibhamu.



One day, thieves came in and pointed a gun at her.

4

Athatha wonke umkhrosho.



They took all the crocheted things.

UMkhize uyasiza

1

Umkhwekazi kaMkhize washayela amaphoyisa nomkhwenyana ucingo.



Mkhize's mother-in-law phoned the police and her son-in-law. "Help me! I've been robbed!" she shouted.

2

Afikake amaphoyisa noMkhize.



The police and Mkhize arrived.

Mkhize to the rescue

3

Amaphoyisa alandela amasela esikhotheni.



The police followed the thieves into the veld.

4

UMkhize nomkhwekazi bavumelana ukuthi uzohlala nabo.



Mkhize and his mother-in-law agreed that she should stay with them.

Abakhwekazi!

1

Ngesonto lokuqala efikile emzini kaMkhize waqala wabahlupha umkhwekazi.



The week she arrived in Mkhize's home his mother-in-law started to give them trouble. She said, "This house is horrible!"

2

Wathi akawathanda amakhethini.



She said that she didn't like the curtains. She said, "These colours are horrible!"

Mothers-in-law!

3

Watshela izingane ukuthi aziyeke ukudlala amabhayisekili.



She told the children to stop playing with their bicycles. She said, "Stop that noise children!"

4

Watshela uMkhize ukuthi akayeke ukugqoka obhotsotso.



She told Mkhize to stop wearing tight trousers.

Inkinga iyaqhubeka

1

UMkhize watshela uMaMsomi ukuthi umama wakhe useqala ukuba isicefe.



Mkhize told MaMsomi that her mother was starting to be a nuisance. He said, "She is a real nuisance." She said, "You're right."

2

Ngale ekamelweni uGogo wamemeza ethi abayeke umsindo balale.




From her room Granny shouted at them to be quiet. She shouted, "Hey, children! Be quiet and go to sleep!"

The problem gets worse

3


UMaMsomi wakhumbuza umyeni wakhe ukuthi uyena owaletha umkhwekazi emzimi wabo.



MaMsomi reminded her husband that he had invited his mother-in-law into their house. She said, "There's nothing I can say. It's you who brought my mother here."

4

Lawo magama ambulala uMkhize.



These words killed Mkhize. He thought, "I have stabbed myself with my own spear."

UGogo uyathutha

1

UMkhize walungisela umkhwekazi ixhokovana makujana nendlu.



Mkhize fixed up a little outside room far from the house for his mother-in-law.

2

Wonke umndeni walekelela ukuthutha impahla kaGogo.



The whole family helped to move Granny's things.

Granny moves out

3

UMkhize wathengela umkhwekazi ubhova ozomgada.



Mkhize bought his mother-in-law a big dog to guard her.

4

Kodwa umkhwekazi akawuthandanga ubhova. Nobhova wavele wakhonkotha uGogo.



But his mother-in-law didn't like the dog. And the dog barked at Granny.

Izingane zivakashela uGogo

1

Endlini kaGogo, abantwana babelalela njalo izinganekwane.



At Granny's house, the children always listened to traditional stories.

2

Futhi bethanda ukudlalisa ubhova.



Also they liked to play with the big dog.

The children visit Granny

3

Phezu kwalokho, babelekelela uGogo ngokukhrosha.



They also helped Granny with her crocheting.

4

UMaMsomi noMkhize babulawa isizungu.



Mkhize and MaMsomi nearly died of loneliness. Mkhize said, "But when will the children come back?"

UGogo umenywa edineni

1

UMkhize noMaMsomi banquma ukummema njalo uGogo ekudleni kwasebusuku.



Mkhize and MaMsomi decided to invite Granny for supper every night.

2

Kodwa njalo mayefikile uGogo wayekhononda ngento ethize.



But when she came, she always complained about something.

Granny is invited for supper

3

Ngelinye ilanga wakhonondela isitshulu esiphekwe ngendlela yakudala.



One day she complained about stew cooked in the old way.

4

Wathi ufuna iKentucky, amasaladi, isipagethi, u-ayisikrimu newayini.



She said she wanted Kentucky, salads, spaghetti, ice-cream and wine.

Inja noGogo

1

Ngelinye ilanga uGogo wawa. Wangakwazi ukuvuka.



One day Granny fell down. She could not get up.

2

Inja yakhonkotha kakhulu yabiza uMkhize ukuzosiza.




The dog barked loudly to call Mkhize to help.

Granny and the dog

3

UGogo wabonga inja ngokuyithengela iKentucky.



Granny thanked the dog by buying it Kentucky.

4

UGogo nenja bazwana kakhulu emva kwalokhu.



After that the dog and Granny liked each other a lot. She said, "Now I like you."

Ukufunda ukugembula

1

UZondi wamncenga uMkhize ukuba bangene ekhasino.



Zondi begged Mkhize to go with him to the casino.

2

Wamtshela ukuthi wawina imali ngesonto eledlule.



He told him that he had won money the week before. He said, "I got three thousand!"

Learning to gamble

3


UMkhize akafunanga ukuyodlala ngemali.



Mkhize didn't want to gamble. He said, "I don't want to lose my money!"

4

UZondi wamdonsa uMkhize wamngenisa ngenkani.



Zondi pulled Mkhize and made him go inside. Mkhize said, "I don't want my wife to see me gambling."

Elamanqamu

1

Ekhasino uZondi wamfundisa uMkhize ukugembula.



In the casino, Zondi taught Mkhize to gamble.

2

UMkhize wawina R50.00.



Mkhize won R50.00. He said, "Oh, so this is how nice it is!"

Winning and losing

3

Wazizwa enenhlanhla wadlala kakhulu.



He felt he had good luck so he gambled even more. He said, "Let me carry on and play again."

4

UMkhize wadliwa yonke imali akade eyothenga ngayo igrosa.



Mkhize lost all the money he was going to use to buy groceries. He said, "Oh, no! What shall I say to my wife?"

UMaMsomi ubamba uMkhize

1

UGogo noMaMsomi balunguza ngefasitela, babona uMkhize.



Gogo and MaMsomi peeped in the window and saw Mkhize. MaMsomi said, "There he is!"

2

Bamthethisela ukuchitha imali yegrosa.



They scolded him for wasting the grocery money. MaMsomi said, "What were you thinking?"

MaMsomi catches Mhkize

3

Kodwa uGogo wathi akazame ngemali yempesheni.



But Granny said she wanted to try with her pension money. She said, "Let me try."

4

Wawina, yeza imali yaba izindimbane.



She won, and the money came in heaps. "Hooray!" she said.

1

Ngomhlaka l kuJanuwari umndeni wakwaMkhize waya olwandle.



On the 1st of January the Mkhize family went to the beach.

2

UGogo wazihlalela ngaphansi kwesambulela. Abanye baya kobhukuda.



Granny sat under an umbrella. The others went to swim.

At the beach

3


UMkhize wagabisa ngekhono lokubhukuda ngokungena emanzini ashona kakhulu.



Mkhize showed off his swimming skill by going into very deep water.

4

Waqala ukugwiliza. UGogo wathathela ngesivinini esikhulu eyosiza.



He started to drown. Granny set off at great speed to help. He shouted, "Help me!"

Uyasindisa

1

UGogo wabhukuda ngamandla ukuyosiza uMkhize.



Granny swam strongly to help Mkhize.

2

Wamdonsa uMkhize ngonyawo ukuze akwazi ukuzimela.




She pulled Mkhize by the foot until he could stand.

The rescue

3

Abantu bamangazwa ikhono likaGogo lokubhukuda.



People were amazed by Granny's swimming skill. "Where did you learn to swim?" the life guard asked.

4

UGogo wachaza ukuthi wajwayela ukubhukuda esemncane.



Granny said that she learnt to swim very well when she was small. "We swam in the rivers every day when we were small," she said.

ESnake Park

1

UMaMsomi wathi abasuke ebhishi, baye ePaki ukuyobona izinyoka.



MaMsomi said they should leave the beach and go to the Snake Park.

2

Ngaphakathi babona izinhlobonhlobo zezinyoka.



Inside they saw lots of different kinds of snakes.

At the snake park

3

UGogo wathuswa kakhulu imamba.



Granny was really frightened by the mamba.

4

Bamthola ehlezi ngaphandle, ezimboze ikhanda ngephinifa.



They found her sitting outside, covering her head with her apron. Parafini said, "Sorry Granny."

Ukuthenga emgwaqweni

1

Umndeni wakwaMkhize wasuka waya kobona ukuthi omama bathengisani endleleni.



They decided it would be better to go and see what the women were selling on the roadside.

2

Bonke bathenga izimpahla ezahlukene.



They all bought different things. Shukela said, "Gogo, this straw hat really suits you." Parafini said, "Dad, please buy me all these things."

Buying in the street

3

Ngenxa yokuthenga izinto eziningi kwaba lukhuni ukuhamba.



They bought so many things it was hard to walk. Parafini said, "Dad, these things are really heavy."

4

Ekugcineni, baya ekhaya ngekhumbi.



They stopped a kombi that took them home.

Siwafunda kanjani uMkhize – How we read Mkhize



"Mina, ngifunda
uMkhize ngesiZulu."



"I read the English first so
that I can work out what the
Zulu means."



"I just like looking at the
pictures and laughing at
Mkhize."



"Ngiwufunda ngesiZulu
nangesiNgisi."

UMkhize waseMgungundlovu/Mkhize of Pietermaritzburg

First published 1995 by New Readers Publishers

Copyright © 1995, 2019 New Readers Publishers

Author: Sandra Land and Lungisani Kunene

Illustrations: Katherine Arbuckle

Design: Lesley Lewis

Original print version ISBN: 978-0-63602-344-4

This publication is available under an Open Access Creative Commons licence: Attribution-NonCommercial-NoDerivatives 4.0 International (CC BY-NC-ND 4.0)



<https://creativecommons.org/licenses/by-nc-nd/4.0/legalcode>

By using the content of this publication, the users accept to be bound by the terms of use of the licence. You are free to share (that is, copy and redistribute the material in any medium or format) as long as you follow these licence terms:

Attribution (by): You must give appropriate credit to New Readers Publishers and provide a link to the license.

Non Commercial (nc): You can copy, distribute, display, perform, and use this material for any purpose other than commercially (unless you get permission first). Non Commercial means not primarily intended for or directed towards commercial advantage or monetary compensation.

No Derivatives (nd): If you remix, transform, or build upon the material, you may not distribute the modified material. But note that simply changing the format does not create a derivative.

NEW READERS PUBLISHERS

New Readers Publishers develops and supports adult literacy and basic English Second Language skills by producing easy to read books in all South African languages for the entertainment and education of adult new readers. Many of the books are also suitable for younger readers.

New Readers Publishers is a non-profit publishing project originally started in 1991 and housed at the Centre for Adult Education at the University of KwaZulu-Natal in Durban until 2014.

It is now an independent initiative which makes digital versions of New Readers Publishers books in all South African languages available online. The use of these e-versions will be free for non-commercial purposes via a Creative Commons Licence (see imprint page for more details).

How to contact us

If you want to find out more about New Readers Publishers please look at our website:

<http://newreaders.co.za>

or email us at:

newreadersdurban@gmail.com